



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

UKUHLOLA KUKAZWELONKE KUKA 2015 UMHLAHLANDLELA WOKUHLOLA ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA IBANGA LESI-3

ISINGENISO

Kulo nyaka wezi-2015 Ukuhlola KukaZwelonke Konyaka Nonyaka (ANA 2015) kuzokwenziwa kuzo zonke izikole zomphakathi kanye nalezo ezikhethiwe ezizimele ngoMandulo (September) 2015. Ngalesi sikhathi bonke abafundi bebanga loku-1 kuya kwelesi -3 bayobhala izivivinyo zikaZwelonke eziLimini kanye naseZibalweni. Imiphumela iyosetshenziswa ukubika ngenqubekela-phambili ehambisana nokufinyelela emibonweni eyamiswa ku-*Action Plan 2015 Towards Schooling 2025*.

Izivivinyo zokuHlola ZikaZwelonke Zonyaka Nonyaka (ANA) ziyobhalwa ngethemu yesithathu, ngakho-ke uMnyango wezeMfundo Emazingeni Aphansi (DBE) uhlinzeke ngomqulu ongumhlahlandlela webanga ngalinye kanye nesifundo ngasinye (soLimi kanye neZibalo) kulokho okulindelekile ukuba abafundi bakwazi ukuphendula imibuzo equkethwe yikharikhulamu yabo okungenani ngempumelelo elindelekile. Umhlahlandlela Wokuhlola kukaZwelonke koNyaka noNyaka wezi-2015 wenziwe wahambisana nokuhlelwa kwekharikhulamu abafundi abafundiswa yona kuleli zinga.

IZINGA ELIYISEKELO

Ebangeni loku-1 kuya kwelesi-3 izivivinyo ziyogxila emsebenzini ohlelelwe amathemu amathathu okuqala onyaka. Ngokwala mabanga uMhlahlandlela Wokuhlola uhlelwe waba amakhalamu amathathu. Amakhono azohlolwa atholakala kwikhalamu yokuqala, ingqikithi yokuhlola ikwikhalamu yesibili bese kuthi amakhono ahlolwayo atholakale kwikhalamu yesithathu. Kubalulekile ukuba uqaphele ukuthi uMhlahlandlela Wokuhlola kukaZwelonke koNyaka noNyaka wezi-2015 awuqondile ukuthi lokhu okutholakala kuwo yikhona kuphela okumele kufundiswe kunyaka wonke. Kunalokho, uMhlahlandlela Wokuhlola unikeza umsebenzi okumele ufundiswe kuze kuyofika ethemini yesithathu yalowo nyaka.

Othisha balindeleke ukuba bawusebenzise umhlahlandlela kanye nezinye izinsiza-kufundisa uma befundisa noma behlola umsebenzi.

Inombolo yereferensi	Amakhono	INGQIKITHI YESIVIVINYO Ukuhlola ukuthi umfundi uyakwazi:	Isilinganiso samamaki ngokwamaphesenti (%) wesamba samamaki esivivinyo (isilinganiso sesikali) ¹	Isamba samamaki
1.	UKUFUNDA NEMISINDO	<p>ukuchaza ingqikithi yomqondo wendaba (Isihloko – ukusebenzisa ulwazimagama ngokufanele).</p> <p>ukuchaza abalingiswa abasemqoka abasendabeni (ukusebenzisa ulwazimagama ngokufanele).</p> <p>ukuchaza isizinda sendaba (ukusebenzisa ulwazimagama ngokufanele).</p> <p>ukuchaza ukulandelana kwezigameko endabeni (ukulandelana kwemisho ngokufanele kuyimaki elilodwa).</p> <p>ukuchaza ubudlelwano obuphakathi kwesisusa nomphumela (umbuzo ovulekile)</p> <p>Ukuphendula imibuzo esezingeni eliphezulu emayelana netheksthi elifundiwe, Isbn. ngokubeka umbono (umbuzo ovulekile).</p> <p>Ukuhumusha ulwazi olususelwa kumatheksthi anjengezikhangisi.</p> <p>ukusebenzisa ulwazi lwemisindo nemithetho yokupelwa kwamagama ajwayelekile.</p> <p>ukusebenzisa amagama emshweni aphinyiswa abhalwe ngokufana kepha ahlukile ngencazelo.</p> <p>Ukuhumusha ulwazi olususelwe kugrafu noma <u>eshadini</u> Isbn. ukuchaza okufanayo nokwehlukile, ukuhlaziya, ukuqhathanisa ulwazi.</p> <p>Ukuhumusha ulwazi olususelwa ematheksthini ayigrafu Isbn. ukuqhathanisa izinto.</p>	45	18

Inombolo yereferensi	Amakhono	INGQIKITHI YESIVIVINYO Ukuhlola ukuthi umfundi uyakwazi:	Isilinganiso samamaki ngokwamaphesenti (%) wesamba samamaki esivivinyo (isilinganiso sesikali) ¹	Isamba samamaki
2.	UKUBHALA	ukubona nokusebenzisa noma yisiphi isichasiso, amabizo (noma amabizo emvelo) kanye nezihlanganiso (futhi, kodwa) ngokufanele.	55	22
		Ukusebenzisa izinkathi zesenzo ngokufanele; inkathi edlule, yamanje kanye nezayo.		
		Ukubhala amagama ukwakha imisho kusetshenziswa osonhlamvukazi, ongqi, ombuzi, okhefane kanye nabacaphuni.		
		Ukusebenzisa ukuvumelana phakathi kwenhloko nesilandiso ngokufanele. (Imisho emi-2 Isbn.Umfana <u>uqamba</u> amanga, kodwa abafana <u>baqamba</u> amanga)		
		Ukubhala indaba aziqambeke yena <u>eyizigaba ezimbili</u> enemisho eyi- <u>10 isiyonke</u> , ngesihloko asinikeziwe, esebenzisa uhlelo kanye nezimpawu zokuloba..		
		Isamba samamaki	100	40

Imaki lokugcina lo mbuzo 16 liqukethe okulandelayo

Imaki lezigaba(amapharagrafu + Imaki lengqikithi + imaki lohlelo/izimpawu zokuloba kanye nesipelingi = Isamba samamaki esewonke erubhrikhi.

IRUBHRIKHI

INDLELA YOKUHLOLA	INCAZELO	AMAMAKI
Izigaba (Imaki eliphezulu lilo- 1)	ukopishe imiyalelo / igama elilodwa/ ibinzana lagama / imisho engaphansi kwemi-3 / ukufaka izinombolo emishweni/ isigaba esisodwa.	0
	Izigaba ezimbili ezinemisho emi- 3 noma engaphezulu.	1
Ingqikithi (Amamaki aphezulu ma3)	Ukopishe imiyalelo / igama elilodwa / ibinzana lamagama noma ingxenye yomusho.	0
	Imisho elula eyo-1 kuya 3 ehambisana nesihloko.	1
	Imisho enomqondo emi-4 kuya 7 ehambisana nesihloko.	2
	Imisho enomqondo eyisi-8 kuya 10 ehambisana nesihloko.	3
Uhlelo, izimpawu zokuloba nesipelingi (Amamaki ma-2)	Imisho owo-1 kuya 3 enamaphutha ama-5 nangaphezulu ohlelo, izimpawu zokuloba noma esipelingi esewonke.	0
	Imisho owo-1 kuya 5 enamaphutha aphakathi kuka-0 kuya 5 ohlelo, izimpawu zokuloba kanye nawesipelingi esewonke. NOMA Imisho eyisi-6 kuya10 enamaphutha ayi-5 noma ngaphezulu ohlelo, izimpawu zokuloba kanye nawesipelingi esewonke.	1
	Imisho eyisi- 8 kuya10 enamaphutha ayi – 0 kuya 5 ohlelo, izimpawu zokuloba esewonke.	2
	Isamba samamaki anikezwayo: 6	